**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUKLOMELISA ABASEBENZI ASEBEQEDE IMINYAKA ENGU-30 MHLAKA 14 AUGUST 2007.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Sihlangene lapha namhlanje ukuzohalalisela abasebenzi bethu abaqede iminyaka engamashumi amathathu besebenza ngonyaka ka-2006 sibuye sibabonge ngokuzinikela nokuthembeka kwabo emsebenzini wabo.

- Kuyiqiniso elingephikiswe ukuthi into ebaluleke kakhulu kunoma yiyiphi indawo yokusebenza kuba ngabasebenzi futhi ngaphandle kwabo ayikho impumelelo yaleyo ndawo. Umkhakha wezisebenzi zikahulumeni noma zomphakathi zibhekane nezimo eziguqukayo kule minyaka engu-30 edlule okunye okuholele ekutheni abanye abasebenzi babheke eminye imikhakha yemisebenzi.

- Yingakho sithi sibethulela isigqoko namhlanje bonke abasebenzi abathola izitifiketi futhi sibashayela ihlombe ngokuyibamba ishisa nokubamba kwabo iqhaza ekusabalaliswe komsebenzi wokulethwa kwezidingo kubantu.

- Ukwenza kwenu umsebenzi womphakathi kuhambisana nomgomo weBatho Pele, Abantu phambili, nesisho esithi ‘ngiyazibandakanya, ngiyanakekela, ngiyasebenza. Ngiyethemba ukuthi nizoqhubeka nokusiza umphakathi wakithi ngendlela efanayo nalena esinenze nazuza loku hlonishwa kwanamhlanje.

- Umqashi ngokohlelo esithi iLong Service Recognition System kumele ahloniphe abasebenzi ngesikhathi eside asebebe naso emsebenzini kaHulumeni. Ngokomthetho, uNgqongqoshe kumele akhipha umklomelo ngokusebenza komuntu iminyaka engu-20 kanye nengu-30 ngokulandelana.

- Umuntu osesebenze iminyaka engamashumi amabili unegunya lokuthola isitifiketi abuye athole nemali yezinsuku eziyishumi zelivu uma lowo msebenzi esenazo izinsuku zelivu ezisasele futhi efuna ukukhokhelwa imali ngazo.

- Lowo osesebenze iminyaka engu-30 naye unegunya lokuthola isitifiketi, imali engukheshi ehlale ebuyekezwa njalo ngo-April 1 kanye nemali yezinsuku ezingu-15 zelivu uma umsebenzi esenazo izinsuku zelivu ezisasele futhi efuna ukukhokhelwa imali ngazo.

- Uma umsebenzi ekhetha ukushintsha izinsuku zakhe zekhefu zibe yimali, kubalwa ngokwemali eholwa ngumsebenzi ngonyaka kusukela ngosuku ahlanganisa ngalo iminyaka engu-20 noma engu-30 egunyaza ukuba aklonyeliswe.

- Amahhovisi abasebenzi basehhovisi lesifunda noma abasebenzi bophiko lwabasebenzi eNhloko-hhovisi yibona ababhekene nokubala nokukhokhela la malivu.

- Abasebenzi abakhetha ukushintsha izinsuku zabo zamalivu zibe ngukheshi bangakwenza lokhu ngokuthi bagcwalise amafomu abathunyelelwe wona. Akusiwona umgomo ukuthi abasebenzi bashintshe izinsuku zabo zibe ngukheshi.

- Namhlanje simukelisa ngezitifiketi kubasebenzi abangu-64 abaqede iminyaka angu-30 ngonyaka owedlule kodwa futhi ngifisa ukusho ukuthi kunabasebenzi abangu-160 abaqede iminyaka engu-20 ngonyaka odlule.

- Njengoba sikhuluma nje kwenziwa amalungiselelo okukhishwa kwezitifiketi zalabo basebenzi nabazozithola kubaphathi babo. Okunye engikuqaphelayo wukuthi abanye babasebenzi abamukela izitifiketi namuhla sebevele sebathathe umhlalaphansi. Ngithi ngibafisela ukuphumula okumnandi kulesi sikhathi futhi kubafanele ukuphumula ngomsebenzi omuhle abawenzile.

- Sengiphetha, ngithanda futhi ukunibonga ngokuzinikela kwenu ekusebenzeleni umphakathi jikelele noMnyango. Ukusebenza kwenu amahora amade nokuzikhandla

kwenu kube ngokubalulekile kakhulu. Niyibekile induku ebandla naba yisibonelo nakwabanye abasebenzi ababukele kinina nabo asebezohamba ezinyathelweni zenu.

**Ngiyabonga**.